

ABAKWA-SARS BAKHATHAZEKILE NGEZINSOLO ZOKUGWENYWA KWENTELA KUMAKHOMISHANA OPHENYO

Pretoria, ngoLwesine 24 kuMasingana 2019 - UPhiko IweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) baqaphele ukuthi kunemibiko yabezindaba ngezinsolo zokugwenywa kwentelo kumakhomishana ophenyo ahlukene aqhubekayo.

Abakwa-SARS bakhathazekile ngokuthi amagama abanye ababengabasebenzi bakhona babaliwe ezinsolweni zokwenza okuphambene nomthetho kanti futhi bathanda ukuqinisekisa abakhokhintela baseNingizimu Afrika nomphakathi ukuthi kuzokwenziwa uphenyo ngalezi zinsolo ngaphandle kokwesaba noma kokwenzelela kanti futhi abantu abatholakala benecala bazobhekana nomthetho.

Abakwa-SARS bafisa ukuphinda baqinisekise abakhokhintela nomphakathi ukuthi ezikhathini lapho kuphulwe noma kubukelwe khona phansi imithetho yentelo nomthetho, kuzothathwa izinyathelo ezingala ukuze bagcine umthetho osemthethweni.

Futhi, abakwa-SARS bafisa ukugcizelela ukuthi uPhiko IoMnotho ongeMthetho (Illicit Economy Unit) oselusungulwe kabusha seluphezu komkhono kanti luzobe luqapha inqubekela phambili kanti futhi luzothatha izinyathelo ezifanele ukujinisekisa ukuthotshelwa kwemithetho yentela.

Abakwa-SARS bafisa ukuqaphelisa abantu ngoHlelo lokuDalula ngokuziKhethela i-Voluntary Disclosure Programme olusasebenza kanti abakhokhintela kanye namalungu omphakathi abangathobeli imigomo yentela bayagqugquzelwa ukuba balusebenzise lolu hlelo lapho kufanele khona